health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

**MSELENI HOSPITAL**
**PO Sibhayi 3967**
**Tel: +27 (0) 35 574 1004**
**Fax: +27 (0) 35 574 1559**
**Email: *Thabani.Ntuli@kznhealth.gov.za***

# Isibhedlela sifundisa izingane zesikole ngemikhakha yezempilo



**Kusuka kwesokunxele:** Miss NB Mngomezulu (Usonhlalakahle), Miss S.F. Mthethwa (Pharmacist), Mrs J Dee Waal (Physiotherapist) kanye no Mr B.M. Khuzwayo (Umhlengikazi)

Mhlazingama 17 October 2013 isibhedlela sase Mseleni siphume umkhankaso wokuvakashela izikole emabangeni aphansi ngenhloso yokupha abantwana ulwazi ngemikhakha yezempilo.



**Abafundi bethamele izifundo zemikhakha**

Phela ngokocwangingo kubukeka izinga labafundi abaningi abazithola bengondinga sithebeni uma sebephothule ibanga leshumi kuyilabo abasuke kade bengazinikanga isikhathi sokuthatha izifundo ezihambisana nabo kuseyisikhathi. Uyokhumbula phela ukuthi isiZulu sithi ugotshwa usemanzi.



Okusho ukuthi uma abafundi bechushisiwe ngemikhakha ekhona singanqobeka
isihlava sabafundi abaze baphothule esikoleni bengaqondi ngokuthi liyashona noma liyaphuma. Imikhakha ebebechushiswa kuyo abafundi kubalwa I Pharmacy, Physiotherapy, Medicine, Social Work, Pharmacy, Nursing.

Phela abafundi banikiwe nethuba lokuzibuzela bona mathupha mayelana nalemikhakha. Okuyinxenye yokukhombisa ukuthakasela kwabafundi ukuvakashelwa kwabo yileminyango.

*Article and Photos by: Gumede O S (Intern Public Relations Officer)*